



THE ULTIMATE HUMAN RACE

WWW.COMRADES.COM

## UMJAHO WECOMRADES

### IFOMU LESICELO SOXHASO 2025

#### (KUVULELEKE KUPHELA EZAKHAMUZINI ZASENINGIZIMU AFRIKA)

IComrades Marathon Association (CMA) iyazigqaja ngokumemezela ukuthi izoba nohlelo lokweseka abagijimi abantula imali yokungenela uMjaho We-Comrades wonyaka wezi-2025.

IsiKhwama Soxhaso SeComrades kuhloswe ngaso ukusiza abagijimi abanenkinga yezezimali ngokuthi behliselwe imali yokungenela ngokungaze kufike kumaphesenti angamashumi amahlanu (50%).

Ukufaka isicelo sokwehliselwa imali yokungenela, yenza lokhu okulandelayo okubhalwe ngezansi:

(Faka u-X ebhokisini uqondanise nalokhu ozobe usukuphuthulile, isinyathelo ngesinyathelo)

- Gcwalisa umngenelo wakho weComrades yowezi-2025 ngokungena kwiwebhusayithi yethu ethi [www.comrades.com](http://www.comrades.com) (Kudingeka ukhokhe uhafu nokungu-50% wemali yokungenela, uma ugcwalisa umngenelo)
- Gcwalisa iFomu Lesicelo Soxhaso LweComrades (**ifomu eligcwalisiwe kumele liqinisekiswe uKhomishana Ofungisayo**)
- Faka incwadi esayinwe ngumuntu oqokwe yiKomidi Eliphethe lekilabhu yakho yokugijima eshoyo ukuthi ulilungu lokuqina lekilabhu, nokuthi futhi bayaseseka isicelo sakho. (Le ncwadi kufanele ibe nesigxivizo esisemthethweni sekilabhu futhi ifake neminingwane yokuxhumana yekilabhu yakho)

Uma usukwenze konke lokhu okubalulwe ngenhla, skena yonke imibhalo uyithumele kule imeyili: [entries@comrades.com](mailto:entries@comrades.com)

Ungakwazi futhi ukuthi uzilethele mathupha amafomu emahhovisi akwaComrades Marathon kuleli kheli elilandelayo:

18 Comrades Road, Scottsville, Pietermaritzburg, 3201

Onke amafomu kumele abe eseletiwe emahhovisi akwaComrades Marathon **engakadluli uma ziyi-9 Disemba 2024**.

**IZICELO EZITHUNYELWE NGEPOSI, ISIKHAHLAMEZI KANYE NANGOCINGO AZIYUKWAMUKELWA**



**mr price sport**

**THIRSTI®**

**cellC**

ADDRESS 18 Comrades Road, Scottsville, Pietermaritzburg, 3201

EMAIL [info@comrades.com](mailto:info@comrades.com)

TELEPHONE +27 (0) 33 897 8650



THE ULTIMATE HUMAN RACE

WWW.COMRADES.COM

### **!Fomu Lesicelo Soxhaso LwakwaComrades**

Sicela ubhale kahle nangokucacile futhi nefomu uligcwalise ngokuphelele:

Igama nesibongo: \_\_\_\_\_

Inombolo kamazisi: \_\_\_\_\_

Inombolo yocingo \_\_\_\_\_ |kheli le-imeyili: \_\_\_\_\_

Ngiyasebenza  Angisebenzi

Uma usebenza imali oyenza ngenyanga:

R0 – R1500  R1500 – R2500

Igama lomqashi wakho: \_\_\_\_\_

Imininingwane yokuxhumana yomqashi wakho: \_\_\_\_\_

Uma isicelo sakho singaphumelelanga, ungakhetha okukodwa kwalokhu okulandelayo:

- Ukuhokha imali yokungenela esasele – Omunye uhhafu osasele ungawukhokha noma nini ngaphambi komhlā zingamashumi amabili nesishiyagalolunye (28) kuFebhuwari 2025 ngokungena kwi-profayli yakho yomngenelo ucofe lapho kuqondene khona nokuqedela ukukhokha.
- Isicelo sokubuyiselwa imali – Uzophinde futhi ukwazi ukuthi ucele ukubuyiselwa imali yakho (kuzoncozulwa izindleko zokungenela). Lokhu ungakwenza ngokuthi usithumelele i-imeyili kuleli kheli: [entries@comrades.com](mailto:entries@comrades.com) noma uzifikele mathupha emahhovisi akwaComrades Marathon.

Ukukhokhwa kwemali eseles yokungenela noma izicelo zokubuyiselwa imali kufanele kwensiwe engakashayi umhla zingamashumi amabili nesishiyagalolunye (28) kuFebhuwari 2025. Ukuhluleka ukwenza njalo kuzoholela ekudliweni kwemali ozobe usuyikhokhile futhi nomngenelo wakho uzohoxiswa ukhishwe ohlwini lwabangenelile.

Ngokusayina leli fomu lesicelo, ngiyaqinisekisa ukuthi konke okuqukethwe ngenhla kuyiqiniso futhi kuyikho.

Isignesha: \_\_\_\_\_

uKhomishana Ofungisayo: \_\_\_\_\_

Usuku: \_\_\_\_\_

Usuku: \_\_\_\_\_